I-KwaZulu-Natal Performing Arts Company
eyasungulwa ngokwesigaba 3(1) soMthetho Wezikhungo ZezaMasiko, we- 1998 (uMthetho uNo. 119 we- 1998) mhla lu-01 kuMbasa wezi- 2003
PO Box 5353, DURBAN, 4000, 29 Acutt Street, DURBAN, 4001, KwaZulu-Natal, South Africa
Ucingo: (031) 3699555, Ifeksi: (031) 306 2166, Production Services Mayville, Ucingo (031) 208 4171 Ifeksi: (031) 208 4162
I-imeyli: info@playhousecompany.com; http://www.playhousecompany.com

I-THE PLAYHOUSE COMPANY

ISIMEMO SETHENDA – Inombolo yenkomba: PHC 39/2015:

UKULUNGISWA KWE-TUDOR ROOM ESE-THE PLAYHOUSE COMPANY, KU-231 ANTON LEMBEDE STREET, ETHEKWINI

I-The Playhouse Company yiSikhungo sezaMasiko esirejistwe ngokwesigaba 3(1) soMthetho Wezikhungo zaMasiko, we-1988, ukuze sikhuthaze ezobuCiko namaSiko KwaZulu-Natali.

Imiqulu yethenda izotholakala kusukela mhla zingama-**29 kuNhlaba wezi-2015** emahhovisi akunombolo 29 Acutt Street ngenani lama-R350 (**ayibuyiswa le mali**), okumele ikhokhwe ku-Sudesh Harilal (inombolo yakhe ngqo ngu- EXT-9443)

Ukulethwa kwamafomu okubhidela ithenda asegcwalisiwe kuyovalwa mhla zingama-29 kuNhlangulana wezi- 2015 ngehora le-11h00. Angeke amukelwa amafomu okubhidela ithenda ayofika emva kwesikhathi. Amafomu okubhidela ithenda kumele afakwe emvilophini evaliwe bese ethunyelelwa iSikhulu Esiphezulu kuleli kheli elingenhla.

Kuzobanjwa umhlangano wokwazisa oyimpoqo mhla ziyi-5 kuNhlangulana wezi- 2015 ngehora le-10 ekuseni emahhovisi aku-231 Anton Lembede Street, eThekwini lapho abafake izicelo zethenda bezokwazi ukuzizwela ngomsebenzi okumele wenziwe.

Umsebenzi ozokwenziwa uzobandakanya phakathi kokunye*:*

- Ukususwa kanye nokufakwa kwezingongolo ezintsha zokuhlobisa eziwuhlobo lwephayini (Pine Oregan beams) ukuze zifanelane nalezi ezikhona
- Ukususwa kanye nokufakwa kwe-American Oak entsha kanye nogange olwakhiwe nge-timber ukuze kufanelane nalolu olukhona
- Ukususwa kwama- slate tiles akhona, ukushintshwa kwama-timber rafters, ama-purlin, ama- eave sprockets, nokunye kanye kufakwa kwama-slate tiles lawa asuswe e- Tudor Room, afakwe e- Grand Foyer
- Ukususwa kanye nokufakwa kwamanye amafulemu amafasitela asansimbi amasha ukuze kufanelane nalawa asekhona
- Ukufakwa kosilingi kanye nezinsimbi zokuweseka ngokunjalo nensika konke okusha, kususwe okudala
- Ukubuyiselwa kwazo zonke izinto ezisebenza ngogesi kanye nama-air-conditioner
- Ukubuyiselwa kwazo zonke izinsiza zomsindo kanjalo nezokuvikela umlilo kubandakanya izinsiza zokulawula umsindo (ama-accoustic)

Okunye okudingekayo

- Osonkontilaki kumele babe nabasebenzi abaqhamuka ezindaweni ezahlukeneyo ngokulinganayo
- Osonkontilaki kumele kube ngababandakanyeka emsebenzini wokulungisa futhi babe ngongoti bofakela izinto ezidinga ukufakwa ezakhiweni kanjalo babe nazo izinsizakusebenza zalokhu

- Kuphoqelekile ukuba kube ngosonkontilaki abasesigabeni i- CIDB okungenani abasezingeni u-5SN noma u-5GB/PE.
- Isitifiketi se-SANAS BEE siphoqelekile
- Isitifiketi sentela (Tax Clearance certificate) esingeyona ikhophi esingakaphelelwa yisikhathi, siphoqolekile
- I-The Playhouse Company ayiphoqelekile ukuba iqoke lowo oyobhida ngokungaphansi kunabo bonke abanye ababhidile.

Uma unemibuzo uyacelwa ukuba uxhumane noNk K Khan, kule nombolo yocingo ethi: 031 – 369 9425 noma kuleli kheli le-imeyli:-kayk@playhousecompany.com